Izintshumayelo zokuSebenzelana ekuZwaneni

01/2016 Intshumayelo ngesonto 1 esikhathini seAdvente, ngomhla ka 29. 11. 2015

Egameni likaNkulunkulu onguYise, neNdodana, noMoya oNgcwele

Izwi elongamela leliviki lilotshiwe ku-Zak. 9:9, lithi:**"Bheka, iNkosi yakho iza kuwe, ilungile, inensindiso."**

1. Iculo 31/34 noma 33/36

2. **Umkhuleko:** Nkosi Nkulunkulu Baba, siphe uMoya wakho oNgcwele, sikhanyisele ngawo ekulaleleni namuhla, sambulele ngezwi lakho, sibone ubuze bethu, namaphutha afumaniseka kuzo izinkambo zethu. Size sivume ukuthobela imiyalo yakho nezimiso zakho osihlelele zona kulenkonzo ngaye uJesu Kristu iNkosi yethu. Amen.

3. Izwi leTestamente elidala lilotshiwe kuIsaya 63:16-19b; 64:1-3;
   Iphistola ngohlelo lwesithupha lilotshiwe kumaHeberu 10:19-25;
   Ivangeli ngohlelo lokuqala lilotshiwe kuMathewu 21:1-9.

4. Isivumo senkolo: Ngiyakholwa nguNkulunkulu uYise ...

5. Iculo 38/41

6. Umkhuleko wakhe ofundayo intshumayelo

7. **Iphistola** ngohlelo lwesibili lilotshiwe kwabaseRoma 13:8-14, lithi: "Ningabi-nacala lani nakubani, kuphela elokuthandana; ngokuba othanda omunye uwugcwalisile umthetho. Ngokuba lokhu ukuthi: Ungaphingi, ungabulali, ungebi, ungafisi, noma ukhona omunye umyalelo, kuyahlanganiswa kulelizwi elithi: Wothanda umakhelwane wakho njengalokhu uzithanda wena. Uthando alwenzi okubi kumakhelwane; ngakho-ke uthando lungukugcwaliseka komthetho.Yenzani lokhu, njengokuba nazi isikhathi ukuthi sekuyihora lokuba nivuke ebuthongweni; ngokuba manje insindiso isisondele kithi kunalesosikhathi esaqala ukukholwa ngaso. Ubusuku sebuyaphela, imini isisondele. Ngakho-ke asilahle imisebenzi yobumnyama, sihlome izikhali zokukhanya. Asihambe ngokufaneleyo njengasemini, kungabi-ngokuminza nokudakwa, kungabi-ngobufebe namanyala, kungabi-ngokuxabana nomhawu; kodwa yembathani iNkosi uJesu Kristu, ninganakekeli inyama kuvuswe izinkanuko." Amen.

8. **Intshumayelo:** Bangane beNkosi noMsindisi wethu uJesu Kristu enithandekayo, bafowethu nani odadewethu enithandekayo, kusile futhi isikhathi seAdvente. Kuqala ikhandlela lokuqala, kulandela elesibili, nelesithathu, nelesine, likhanye kahle kuze kube

kusihlwa sokukhumbula ukuzalwa kweNkosi kukhazimule isihlahla samakhandlela amaningi afanekisa ukukhanya okungukukhanya kwezwe okunguJesu Kristu, owabukhanyisela ubumnyama bezwe ukuleta ukuphila nensindiso ebumnyameni bethu, kuze kube ezinhlangothini zasekugcineni kwezwe ezisahlala, nokubhubha emthunzini wokufa.

Isikhathi sethu siyaphela, siyagcina ngejubane elesabekayo. Sonke siyabona lokhu, ungathi okuningi kuyisifakazelo esifakazayo ukuthi iNkosi uJesu Kristu izobuya masinyane. Nokho kusekhona abaningi abasaphupha emini, baqhubeka ngosuku nangosuku ngomsebenzi nangokuhamba kwabo, bezisho ukuthi basenesikhathi esiningi lapha emhlabeni, bathi: Sekuyisikhathi eside uNkulunkulu ehambile, akayikubuya noma nini. Nokho usuku azobuya ngalo enkazimulweni yakhe ukwahlulela abasahambayo nabafileyo, luyasondela, luyasondela. Kwaziwe ukuthi umphostoli uPawulu uselobile encwadini kwabaseRoma, wathi: "Manje insindiso isisondele kithi kunalesosikhathi esaqala ukukholwa ngaso. Ubusuku sebuyaphela, imini isisondele." Isisondele kangakanani namuhla? Namuhla isisondele cishe iminyaka eyizinkulungwane ezimbili kunakulesosikhathi, mhla uPawulu ebhalile incwadi kwabaseRoma. Ngakho lokhu isimemezelo leso somphostoli kaNkulunkulu ngensindiso nokuphila okuphakade kuyadingeka kakhulu kangaka ukuba sisakazwe ukuba bonke abasaphila emhlabeni basizwe, sishunyayelwe ngesineke esikhulu, njengalokhu kulotshiwe ukuthi "Yenzani lokhu, njengokuba nazi isikhathi ukuthi sekuyihora lokuba nivuke ebuthongweni; ngokuba manje insindiso isisondele kithi kunalesosikhathi esaqala ukukholwa ngaso." Ngakho lokhu kuyadingeka kakhulu ukuba siqaphelisise izibonakaliso zesikhathi sanamuhla, nokuqonda isikhathi sanamuhla, ukuba singalahlekelwa amathuba esisenawo ukuqonda okokuphila okuphakade, nakho okulandela ukuphela kwalomhlaba, sikhumbule ukuthi kuzolandela ubuphakade obungayikuphela. Njengalokhu kukhona izindlela ezimbili kwamanje esingahamba ngazo, kuyakhona okubili okungenzeka sesimukile kulomhlaba, okubili kuphela, sesimukile emhlabeni nokuyongcwatshwa elibeni kuyakuba khona ukuphila okuphakade, noma ukufa okuphakade, ukufa okuzoqhubeka kuze kube nininini esihogweni somlilo ebumnyameni bendawo kaSathane, noma ukuphila okuphakade okuzoqhubeka kuze kube nininini ezulwini enkazimulweni yendawo kaNkulunkulu.

Siyazi, sesizwile izixhwayiso ezikhanyayo zeNkosi yethu uJesu Kristu, okanye noYise ekuzwaneni omuhle kukaMoya oNgcwele emsebenzini wakhe nangenhloso yakhe ethi uyathanda ukuba bonke abantu basindiswe, bafinyelele ekulazini iqiniso ekugcineni kwesikhathi. Uyathanda ukuba bonke babe naye enkazimulweni, ekuthuleni okungapheliyo,

mhla labo abakholwayo nguye bazohlukaniswa ngabanye abathunyelwa ebuhlungwini, nasekuhlushweni okuphakade. Abazolahlelwa endaweni yokubhujiswa ngokufa okungapheliyo, bazohlala khona bengenathemba kuze kube phakade. Kodwa abazobekwa ngakwesokunene ngosuku lokwahlulelwa bayakwembathiswa izingubo zomshado, ababeqala ukwembathiswa ngazo embhapathizweni, eziyingubo yokulunga nokubalelwa ukulunga kukaKristu ngomusa kuphela, bageziwe egazini elesula wonke amanyala esono, eliyigazi leWundlu likaNkulunkulu elingenacala, behlanjululwa nokungcweliswa okunamandla kwamanje ekukholweni, ngale ekuboneni kuze kube phakade, ukuqiniswa, nokulondolozwa kwamanje ekukholweni okusindisayo esidlweni seNkosi ngokwamukeliswa umzimba kaKristu esiwabelwa, nokuphuziswa igazi lakhe elithululelwa kube ukuthethelelwa kwezono, sabelwe ukusindiswa nokuphila okuphakade. Kodwa abanye bazoshiwa nje besembethe amadlephudlephu namanikiniki emizamo yabo yokuzilungisela okuthile phambi kukaNkulunkulu, nasekukhonzeni kwabo onkulunkulu mbumbulo, nasezinkonzweni zabo eziyize, eziphawulwa nguPawulu ngokukhuluma ngabo ababengakholwa nguKristu kwabaseEfesu 2:12 ngokusho ukuthi: "ngalesosikhathi naningenaye uKristu, naningaphandle kombuso kaIsrayeli, naningabafokazi ezivumelwaneni zesithembiso, ningenathemba, ningenaNkulunkulu ezweni," noma becabangile ukuthi abadingi ukukholwa nguKristu. Khona bazolahlwa nokubhujiswa ebumnyameni, endaweni embi kakhulu, lapho ukukhala, nokugedla amazinyo akuyikuphela, kuze kube phakade. Okokuqala kuyizambatho zokukhanya, ngisho izidalwa ezinhle nezipho zomusa kaKristu ngentethelelo egameni lakhe, kodwa okunye kuyimisebenzi nezithunzi zobumnyama eziqalekisiweyo, nobuze bokuchitheka nje.

Inyama yethu eguquliwe ngesono nangokugcwala ubuchopho obubi nezinkani, nezinkanuko ezimbi, ngakho lokhu kudingekile kakhulu ukuvuswa ebuthongweni besono ukuba singabanjwa yizinkanuko nemicabango eyonakalisiwe kangaka, ngokuncika kubo ubumina bethu, obunguAdamu noEfa abadala ngokungalaleli imiyalelo kaNkulunkulu, nangokuduka ezindleleni zokuhlala ezinkhanjeni, ezindleleni zokudakwa, nezokufeba, nezokukhohlisa, nezokuhlukana, nezomhawu. Yiyo indlela yezwe eliwele esonweni, njengalokhu laziwe kuPawulu, nakithi. Iyindlela yamadodana namadodakazi adukileyo, eyezoni, kusukela kulezizikhathi ekuqaleni, esezinsukwini zokuhlala emthunzini wokufa, lapho abantu bebehlukana noNkulunkulu, nokuvukela kuye, nokuthukuthelisa, aze aguqule izinsuku zokubusiswa nguye, zibe izinsuku ezimqhikimezile ukuchitha izinto ngolaka nentukuthelo ukuba athume usamcolo, nokuqala futhi ngokusha ngomndeni owodwa, ngisho okaNowa

namadodana amathathu akhe, kanjalo-ke futhi ngokujezisa, nokuchitha imizi yaseSotoma naseGomora, mhla uYise wabo bonke abaphathwa ngomusa elonolozile uLoti othembekileyo namadodakazi akhe kulawaya malangabi omlilo owaniswa phezu kwamadolobha lawa ukushisa lesigodi sezoni. Esikhathini sanamuhla ungathi ububi bandile kakhulu nje, njengesaga sabeTswana esithi: Isono siyinyoka ezala abantwana. Abathiwa bayizihlakaniphi ezinkulu ezweni zimemezela ngokuphakamisa amaphimbo abo kabi, bathi: UNkulunkulu ufile, akasekho, kodwa umndeni omusha uvelile ongenabo ubulili, bonke bayafana nje, ngaphambili kwakukhona abesilisa, nabesifazane, kodwa bazenza izinkonkoni, bayadelela okwahloswa nguNkulunkulu ukuba indoda ibe nomkayo, owesifazane abe nendoda yakhe, babe nabantwana. Ngaphandle kokudelela isipho esihle lesi sokuthandana kwendoda nomkayo, nangokubulala izingane ezingakazalwa ngokwenhloso koMdali wethu, ngokudonsa igazi nje, babulala izingane ngezinkulungwane ngomnyaka, abasafuni ukwamukela abantwana abavelile, bathi: Bangumthalo odlula amandla abo; bathi: Bazovimba intuthuko yabo. Bayadelela kangaka, bathi: Banelungelo ngenkululeko entsha ukubulala izingane, sebeqala ukusho ukuthi ngayo lenkululeko entsha umuntu ohlupheka ngesifo esithile unelungelo lokuzibulala, noma ilungelo lokuqhumela ukubiza udokotela ozomjova ngesihlungu esiqeda impilo yakhe. Bayakhohlwa ukuthi isikhathi sesisondele sokuba bonke abantu abasahambayo, nabafileyo bamiswe phambi koMahluleli wabantu bonke bezizwe zonke, bezikhathi zonke, njengalokhu bethenjiselwe ukusindiswa, uma bemlalela uNkulunkulu, nokuzinikela entandweni nasenhlosweni yakhe ngokukholwa nguKristu.

Intukuthelo kaNkulunkulu ezinsukwini sikaNowa nesikaLoti, nangokubulala izimpi zikaFaro olwandle yayesabeka, izoshisa kangakanani, uma eqala ukujezisa ububi besikhathi sanamuhla na? Ububi balabo, abathi: Wandisa iholo lami! Nelabo abali ukulandisa, noma izikhulu ezinamandla, zingaphathi okwezimali emabandleni, noma emazweni azo, noma ukukhumbula ubudlova bezikhulu. Kuyamangalisa ukubona ukuthi labo ababezilwela amalungelo ngokuxosha labo ababecindezela abantu emazweni aseAfrika, noma enyakatho, noma eningizimu, kwenziwani bengafundanga ngezinhloso sabo ezinhle ngokulwela inkululeko ukuba abantu bonke emazweni akubo baphathwe kahle, bengakhumbulanga ukuthi kubi ukuphatha abantu ngobandlululo, kwenziwani ukuba ukusenga abampofu kwanda kunaphambili, ukubulalana phakathi kwezizwe emazweni akubo kuyanda. Babesola izikhulu zaphambili ngokuzigcwalisela izikhwama zabo, nazo manje ziyazigcwalisela izikhwama zazo, noma eIseraele, noma eRuanda, noma kithi. Kuyakhalwa kabi nge"corruption" lezikhulu;

izidlova ziyaphupha, zithi: Ziyaphunyuka ekwahlulelweni, noma zabulala nje ababemelalana nazo ngokungathandi ubudlova bazo, belobile noma bememezile kuphela abakuzolayo ekuziphatheni kwezidlova, njengalokhu uJohane umbhapathizi enqunyiwe ikhanda ngenxa yokuphawula isono sikaHerode. Ngaphezu kobudlova bezikhulu kusekhona ububi obuningi ezweni, nasemabandleni okungalotshwanga ngabo emaphepheni, noma okungabikwa ngabo kulo ithelevishini, noma kulo iwayelense, okuzovuselela intukuthelo kaNkulunkulu onguMahluleli wakho konke lokhu, ngisho konke okuphambene nokulunga kwakhe nentando yakhe. Noma ucabanga ukuthi kusatholakala ukuziphatha kahle okuningi emindeni nasezizweni zezwe lakithi? Kunjani ngokwamukelana ezindlini, ngokuphathana ngobubele, nobumnene, ngokubingelelana kahle nje nabo beminye imindeni, noma bezinye izizwe? Ngisho ukuhloniphana nje! Kukhona na? Isihlakaniphi sake sabhala izwi elihle ngobanhlululo, wathi kukhona izinhlobo zabantu ezimbili kuphela: Bahloniphana, nanbangahloniphani. Kodwa kutholakalani esikhundleni sokuhloniphana? Kukhona ukulumana okuningi, ukulimazana, nokukhohlisana, ungathi kukhona ububi obuningi ezindaweni zonke, esikhundleni zokuthethelelana, njengalokhu kulotshiwe kuwo amaH. 14:2-3 ukuthi: "UJehova uyabuka esezulwini abantwana babantu ukudinga ukuba ukhona yini oqondayo, ofuna uNkulunkulu. Baphambukile bonke, bonakele bonke; akakho owenza okuhle, akakho noyedwa." Kunjalo noma ukumazi uNkulunkulu, nokwazi umthetho nentando yakhe engcwele itshaliwe phakathi kwezinhliziyo zethu zonke, ngisho ngonembeza, kodwa okukhalisayo yikho ukuthi ngokuvama abantu abalandeli unembeza, kodwa ugovane ophakathi kwabo. Umphostoli uPawulu uyasikhumbuza kuleliphistola umyalela wesihlanu othi: "Ungabulali!', nowesithupha, othi: "Ungaphingi!" nowesikhombisa othi: "Ungebi!" nowesishayakalolunye, noweshumi, othi: "ungafisi!" esifumbethe nowesine, nowesishiyakalombili, nemiyalelo yesibhebhe sokuqala, ukuba sesabe uNkulunkulu, simethande, simethembe yena yedwa, singasebenzise ngokungafaneleyo igama lakhe, sithande izwi lakhe elingcwele, silizwe, silifunde ngokuthokoza, phezu kwalokhu uthi: "Yembathani izwi eliphilayo, elaba inyama, elinguJesu Kristu, simlandele ezindleleni zakhe, aze, abuye ukwahlulela abasahambayo, nabafileyo. Ukumlandela kanjalo kusho ukuthi siphile phansi kwesibusiso sakhe, sikholwe, sithembe intethelelo yezono, siyithokozele ngokujabula okukhulu, sikhumbule ukuthi uJesu weza emhlabeni ukusifela ngenxa yezono zethu, nokusivukela ngenxa yokubalelwa ukulunga kwakhe ngokukholwa nguye.

Kuyizindaba ezidingekayo impela, ngokuba ziqondene, zithintane nomgomo wethu sonke: abesilisa nabesifazane, abadala nabasha, lapha sithanda ukufinyelela khona ekugcineni. Kanjalo-ke kuyisikhathi sokuvuka ebuthongweni ukuba sivumelane nalomgomo wethu omisiwe nguKristu. Kanjalo-ke iNkosi uJesu Kristu iyasimema sonke ukuba sihlangane naye, siye kuye,sihlale kuye, sibe kuye kuze kube phakade, samukelwe ekugcineni enkazimulweni yakhe. Isikhathi sethu nendawo lapha sikhona kulomhlaba sifushane kabi. UKristu uthanda ukuba sibe khona lapho ekhona, ezulwini ekuphileni okuphakade. Kanjalo uyasigqugquzela ukuba singalibali, sihambe sibambelele kuye, simethande, futhi sithande omakhelwane, njengalokhu sithandiwe nguye uJesu. Yikho okushiwo ngokubizwa ukuba siqhubeke ngokuhloniphana, ukuba singalimazi, nom a ubani, noma ngayiphi indlela, kodwa sivuke, sembathiswe nguKristu, sibuyele embhapathizweni wethu ngezinsuku zonke, sihlukane nezenze, namazwi, nezifiso ezibi, sethokozele ingubo esembathisiwe ngayo embhapathizweni, siziphathe ngokuhloniphana nabantu bonke ngaphandle kokubandlululela ngokwezizwe, ngobuli, noma ngokuma ngokwezikhundla, kungashiyiwa ukungabaza okuthile, kodwa ngokuthandana, yebo nokuthanda izitha. Amen.

9. **Umkhuleko:** Nkosi Nkulunkulu Baba osezulwini, siyalibonga izwi lakho osixwayisa ngalo. Siphe amandla okulwa nobuqili bukaSathane, ofuna ukusozelisa ngezinjabulo zalomhlaba, sivuse ngomthetho ngevangeli lakho, size sizibone ukuba manje sekuyiso isikhathi sokudela okomhlaba nokuthokoza ngezwi lakho ngaye uJesu Kristu iNkosi noMsindisi wethu. Amen.

Umkhuleko weNkosi: Baba wethu osezulwini ...

10. Iculo 35/38

Ukuthula kukaNkulunkulu odlula ukuqonda konke makulondoloza izinhlizo zethu nemicabango yethu kuKristu Jesu iNKosi noMsindisi wethu, Amen

Lentshumayelo ilotshiwe ngomnyaka ka-2015 ngu-K. P. P. W. Weber.

Ukucindezelwa nokuthunywa kwalezintshumayelo kuyasekelwa yinhlangno ethiwa: Lutheran Heritage Foundation